

Ukudla kwabantu.

ba
Nebala eya/khona musukwana uTshaka eweza uMatshene Sithole
azibulala amazimu:

Kwathi ukuba uTshaka abone ukuthiamazimu asehluphile wa
thumela uMatshane ukuwabulala. Usemunika izinyosi nezimpangele
usehambake matshane usefumanisa nebala amazimu egowele kulolonke
nganeno. Usewadumela ewabulala sekubaleka namalala asemaBeleni
Manjena kwase kubela indlala enkulu impela. Abantu abakwazanga
nokuthi bazokwenzenjani. Kwathi abanye abalinga ukuphenduka izi-
gowelegowele babulawa. Kuthiwa anye baze balinga ukudla inyama
yona yo muntu kuthiwa bafa bonke lapho, labo abalinga ukudla
inyama yomuntu kw manga lisa ukuthi wona amazimu ayidla kanjani
inyama yomuntu. Umatshane usethumela kuTshaka ukuthi abantu ba
yafa. uTshaka usethumela elinye ibutho okhekhe ukuba bayoleke
lela. Usebanika umhlabi wezinkomo. Okhekhe babe hamba no Duzane
Gabuza usemenza induna uMatshane namhlanjena abakwa Gabuza baseba
ningi kuleli lakwa Sithole kuthena ukuba izinkomo zifiki seziphela
izigwegwele. Kwathi ngaleyondlala abantu badla uboko ngisho
uboqo. Babe wumba uboqo lona bawomise bese bafaya wona
bavube ngawo amasi. Kuthiwa njengoba nezingwegwele zaziwa
ntshontsha amakonyane ziwa ndlele emahlathini kuthi uma impi
izizi ngela ibone ngezikhundla naggamaziko. Kuthiwa izikhumba babe
zidla nazozazinga sali nakanjani namathambo ayenga bonwa.
Abanye bath ziziwadla kanjene ziwa bulale ziwagaye ziwadle.
Angazi noma loku kuyiqiniso yini. Namagula zaziwa
ntshontsha futhi zabaleke futhimanjena kwese kuphilwa ngokugadwa
impela emini nase busuku waze wathi uMatshene kuhle imizi
yonke isondelane kakhulu labo abangabanye kuhle basondelane
ndawonye kube sengathi bayazalana nabo nebala bakwenza loko,
kodwa babuye bakalisana bodwa kwavela ukuntshontsha kubona
bodwa. Kwathi amabutho ehluhana ng zi kathi zakusihlwa!
Kwathi amanye elele amanye ayelindile kuthi emini amanye ezingela
wona amazimu amanye ayebeke ekhaya emini nezingane izinkomo zaze
luswa futhi amabutho nezimbuzi kuthi amakhosikazi alime amabele
nezintanga nombila amabele ayelinywa uTila nolokwana.

"Matshane and his Sithole tribe in the great family; cannibalism; diet in times of scarcity."
2.

3.

Utila mushane nezihlamvu esinkulu thi uma e sevuthiwe abemunjama izihlamvu noma egaywa ulikhuni.

4.

Kodwa noko uyali mela ilanga noma libalele. Nolokwana futhi unjalo mufushane uyashesha ukuvutwa masishane kunamanye amabele. Kwesinye isikhathi uma uyaka uhamba kahle uze awunwe kabili ulokwane. Utshwala buka lokwana abuphuzwa obamakhehla. Abafana bangasangana imiqondo yabo uma bephuza ulokwana. Kuyafana naye utila unjalo uma uthole umuntu okwaziyo ukugaya utshwala. Lamabele asekhona namhlanjena utile uyatholakala kwele baThembunakubo abakwa Sithole ulokwana uvame phuko Tugela river kwelama Thembu. Izinyoni aziwadli kakhulu lamabele. Lamabela awumulimela kumuntwana noma egula ecubuluza unikwa umnyambazi wawo bese uyasongela esiswini. Nencumbe yamabele yinhle kakhulu kumntwana. Notshwala futhi buhle kancane kubantwana.

5.

Kukudla kwamabele yiloku: Utshwala umnyambazi, isidlakadla isangcobe, isigwamba, ujequ, amahabulo, amahewu, amasi, nomunye ujeqe abathi isifoceya, nezinkobe, namucaba, phoke loku kudla yikona amazulu nezinye izizwe zakugala ezazikuthanda impela. Futhi yikona owakuqinisa izinsizwa nezintombi. Kuthena ukuba indlala indlule abantu futhi bafa babulawa ukudla ngoba babe ngasakuthole kahle abanye babedla uduka bafe futhi abanye baphinde-la khona kwazulu. Kuthena ukuba awaqede amazimu uMatshane yase uyamuhlasela eyabelungu impi namagwane. Umshane wephula isithembiso sokuthi angacithi igazi wabulala abantu sengathi kubona abakwa Sithole futhi kwezwakala loko enkosini emhlophe yomuthumela impi ka njena. Kwathi kuhleziwe njena kwafika ubiko kumshane wokuthi bayamufuna abamhlophe bayohlangana okhalweni lwakwa nozindwatshana. uMatshane waye yinyanga futhi kanti uyinkosi. Uzwa ngemithi yakhe ukuthi abamhlophe bafuna ukumubulala usethi kubantu bakhe novumula impela kakhulu siyakubelungu kusasa nebla abantu bakhe sebevumula impela kakhulu abamhlophe bawacashisa amabutho abo. Kwase kuza inkosikazi izokhuluma nomatshana. Isethi ukuba abakwa Sithole babuthane siqala ukukhuluma isibona omunye umuntu senga uyena eyinkosi ngoba uMatshane yena wagqokisa okomfokazanyana njena bathi noma bethi inkosi yemzani isidumaza kubelungu akanaka inkosikazi isishaya umfoka Mhlongo ithi uyena eyinkosi ukubaleka kuka Matshane yasale ilwa babaleka abantu

381.

K13/21

3*

7. Ukuze abakwa Sithole bakhe eLenge babe nganeno lapha ngase Mathiwane Station kuqala umuzi wabo. Usebaleka njalo uMachana nabanye abantu bakhe sebesala abanye sebekhonza kwamajola noko babuye bazi phatha izinja ngendleleyo zabulawa zonke yinkako kwakungasa khonkothi lutho emizini nezigwelegowele zingase zwakali ngalutho.

END 381